# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *55/2012 Intshumayelo ngesonto lokugcina emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 25. 11. 2012*

### Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 299/226

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba wabuyela kuYihlo ezulwini lapho usilungisele sonke indawo khona ngokusihlenga ngegazi lakho elingcwele elinenana elikhulu. Mawusisize ngoMoya wakho oNgcwele ukuba ngaye sikhuthalele ukufinyelela eJerusalema omusha osezulwini, lapho siyakuzwa khona ubumnandi bokukholwa nguwe, nanguye uYihlo noMoya oNgcwele, Nkulunkulu Mthathwemunye. Nkosi, Msindisi wethu Jesu Kristu, mawusizwe. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuso isAmbulo 21:1-7;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 15:1-13.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 289/222

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Izwi ngohlelo lwesine lilotshiwe kuIsaya 65:17-25, lithi: "Ngokuba bheka, ngiyadala izulu elisha nomhlaba omusha; izinto zakuqala aziyikukhunjulwa, zingene enhliziyweni. Kepha jabulani, nethabe kuze kube-phakade ngengikudalayo, ngokuba bheka, ngilidala iJerusalema libe-ngukwethaba, nabantu balo babe-yinjabulo. Ngiyakwethaba ngeJerusalema, ngijabule ngabantu bami, kungabe kusezwakala izwi lokulila nezwi lokukhala. Kusukela lapho akusayikuba-khona ingane yezinsuku nje nexhegu elingazigcwalisanga izinsuku zalo, ngokuba omusha uyakufa eneminyaka eyikhulu yobudala, isoni siqalekiswe sineminyaka eyikhulu. Bayakwakha izindlu, bahlale kuzo; bayakutshala izivini, badle izithelo zazo. Abayikwakha, kuhlale omunye; abayikutshala, kudle omunye, ngokuba izinsuku zabantu bami ziyakuba-njengezinsuku zomuthi, nomsebenzi wezandla zabakhethiweyo bami uyakugugela kubo. Abayikushikashikela ize, bazalele izinhlupheko, ngokuba bayinzalo yababusisiweyo bakaJehova, nabantwana babo bayakuba-nabo. Kuyakuthi bengakangibizi, mina ngiphendule; besakhuluma, mina ngiyakuzwa. Impisi iyakudla ndawonye newundlu, ingonyama idle utshani njengenkomo, uthuli lube-

ngukudla kwenyoka; aziyikulimaza, zingachithi kuyo yonke intaba yami engcwele, usho uJehova." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla leNkosi yethu uJesu Kristu elithandekayo, isonto lanamuhla liyisonto lokugcina ngokohlelo lomnyaka webandla emnyakeni webandla. Ngakho lokhu ikerike laqonda ukuthi kuyadingeka impela ukuba njalo ngalelisonto amakholwa akhunjuzwe ngakho okokugcina kwalomhlaba, nakho okuzovela emva kwalokhu kuphila lapha emhlabeni. Kukho kuyakhulunywa kakhulu ngezulu elisha, noma ngensimu yaseEdene, eyilo ikhaya labo bonke abakholwa yiNkosi uJesu Kristu. Khona lapho siyafundiswa, siyezwa ukuthi, khona akusekho ubuhlungu, akusekho inhlupheko, noma ukufa. Futhi siyezwa ukuthi khona akuyikuba khona amadoda amadala. Bonke bayakuba ngabasha, nokuthi khona bazodumisa uNkulunkulu ebusuku nemini, bengadinwa. Uma umuntu ezwa ngakho lokhu, impela uyaqonda ukuthi ngokwempela kuyindawo lapho umuntu nomuntu ethanda ukufinyelela khona.

Ngakho siyalizwa izwi likaNkulunkulu ngakho okwambulwa ngaphambili ngezulu elisha, nangomhlaba omusha, lithi: **Amakholwa athenjiselwe ukuthi ayakuhlala eJerusalema omusha osezulwini,** kuthiwa:

1. Khona kungabe kusezwakala izwi lokulila nezwi lokukhala.

2. Abazofinyelela khona izinsuku zabo zizofana nezesihlahla.

3. Futhi labo abazofinyelela khona bangabomndeni obusisiweyo yiNkosi.

1. Amakholwa athenjiselwe ukuthi ayakuhlala eJerusalema omusha osezulwini. **Khona kungabe kusezwakala izwi lokulila nezwi lokukhala.** Bandla, izwi likaNkulunkulu lithi: "Ngokuba bheka, ngiyadala izulu elisha nomhlaba omusha; izinto zakuqala aziyikukhunjulwa, zingene enhliziyweni." Okuyakwenza ukuba singabe sisakhumbula okwangaphambili, yikho esizwa ngakho ngenkazimulo, nobuhle, nobumnandi kwakho okuzayo. Futhi uma sizwa ngakho lokhu, ngokwempela siyabona ukuthi alikho idolobha emhlabeni obuhle balo bungalinganiswa nobuhle baseJerusalema osezulwini, njengokusho kwezwi elithi: Ithempeli lawo liyiNkosi uNkulunkulu uMninimandla onke neWundlu. Akudingeki ukuba ilanga noma inyanga likhanyisele lomuzi, ngokuba uzokhanyiselwa yinkazimulo kaNkulunkulu. IWundlu likaNkulunkulu liyisibani sawo. Ngakho lokhu sizwa ngawo ukuthi: Abakuwo abasayikuzwa ukukhala noma umsindo. Lokhu kungokomhlaba lowo. Okulimazayo lapha emhlabeni ukufa, nezinhlupheko, nezifo, nendlala, nokunye okunjalo akuyikufunyanwa kuwo lomuzi

wenkazimulo. Lezizinto kaningi ufumana ukuthi ziyadukisa abantu abaningi. Ngenxa yalezizinto bayangena emabandleni athiwa ayiwo ensindiso. Ungathi: Labo abangena kuwo abaguli, nokuthi abantwana babo abashoni. Bayakhohlwa ukuthi ukufa kukhona lapho ukwesaba kusekhona, kodwa thina esingamakholwa iNkosi uJesu isingqobele ukufa ngokuhlushwa kwayo, nangokufa kwayo, nangokusivukela ekufeni, njengokusho kwezwi elithi: Abahlengiwe yiNkosi bazobuya, bafinyelele eSiyone ngentokozo. Intokozo yaphakade iyongamela amakhanda abo, babe entokozweni nasenjabulweni phakade. Usizi nokububula luzobalekela kude.

2. Amakholwa athenjiselwe ukuthi bayakuhlala eJersualema osezulwini. **Abazofinyelela khona izinsuku zabo zizofana nezesihlahla.** Izwi lanamuhla lithi: "Kusukela lapho akusayikuba-khona ingane yezinsuku nje nexhegu elingazigcwalisanga izinsuku zalo, ngokuba omusha uyakufa eneminyaka eyikhulu yobudala, isoni siqalekiswe sineminyaka eyikhulu." Bandla uma kukhulunywa ngezinsuku zesihlahla, ngokwempela khona kuyakhulunywa ngeminyaka eminingi, njengalokhu sazi ukuthi isihlahla siphila isikhathi eside. Ngokuba ngokwempela siyazi ukuthi thina bantu asisho ukuthi umuntu ungomdala, uma eneminyaka eyikhulu, ngokuba ngokuvama iningi liyaye lishona lineminyaka engu-80 nokudlula nje. Yikho okwalomhlaba. EJerusalema omusha osezulwini, lokhu akusayikuba khona, futhi akusayikwenzeka khona, njengokusho kwezwi lanamuhla, ngalo siyezwa ukuthi izinsuku zakhona sizofana nezesihlahla. Bandla, kukhona izihlahla ezithile, mhla safika emhlabeni zazikhona zona. Kuyayekuthi siguga, sishona, siyakuzishiya lezizihlahla lapha emhlabeni. Lokho ngokwempela kuyakhomba ukuthi isihlahla sinokuphila isikhathi eside impela. Nomuntu ophila isikhathi esingako siyasho ukuthi ubusisiwe, njengombongi wamaHubo esho ukuthi "kepha othokoza kwakhe kusemthethweni kaJehova, ozindla ngomthetho wakhe imini nobusuku, unjengomuthi otshaliwe ngasemifuleni yamanzi, othela isithelo sawo ngesikhathi sawo, oqabunga lawo lingabuni, nakho konke akwenzayo uyakuba-nenhlanhla kukho." Abaphilayo bemesaba uNkulunkulu, abantwana, nabadala bazokhula njengokusho kwezwi elithi: Amadoda amadala namakhosikazi amadala azohlala futhi ezindleleni zaseJerusalamea, lowo nalowo ukuba nenjabulo ngenxa yobuningi bezinsuku zakhe. Lokhu kuyasikhombisa ukuthi impilo eyiyo itholakala kuKristu. EJerusalema omusha akufani nalapha emhlabeni. Khona lapha siyaye sibona othile akha indlu kodwa akahlali kuyo, noma kukhona otshala isivini, kodwa uyashona engakadli izithelo zaso. UPawulu uthi: "Ukusebenza kwethu akusilo ize eNkosini uKristu." Ngakho lokhu, bazalwane, ake sibekezele, sazi ukuthi sizothola umvuzo wokuhlupheka kokukholwa kwethu.

3. Amakholwa athenjiselwe ukuthi bazohlala eJerusalema omusha osezulwini. **Yibo abazofinyelela khona, ngisho abangabomndeni obusisiweyo yiNkosi.** Izwi lithi: "Abayikushikashikela ize, bazalele izinhlupheko, ngokuba bayinzalo yababusisiweyo bakaJehova, nabantwana babo bayakuba-nabo. Kuyakuthi bengakangibizi, mina ngiphendule; besakhuluma, mina ngiyakuzwa." Bandla, ngokwempela kuyathokozisa kanjani ukuzwa ukuthi uNkulunkulu wethu uyasazi kunabazali bethu. Bona bayasazi, kodwa uNkulunkulu wethu uyasazi ngoJesu Kristu, wasazi singakazalwa. Futhi thina esingabantwana bakhe ngoJesu Kristu iNdodana yakhe ngeke akhohlwe yithi, ngeke asifulathele, njengalokhu kwenzeka ababesifazane abathile abayaye babelethe umntwana, kodwa ngenxa yezinhlupheko ezithize, noma ngenxa yobumnandi bezwe bamfulathela, bamshiya nje, bayamlahla nje. Umntwana ungumntwana onjani ongenanina?

Thina makholwa singabantwana bakaNkulunkulu. Yena usenze sibe ngabantwana bakhe nezindlalifa zasezulwini ngaye uJesu Kristu iNkosi owasihlushelwa, wasifela esiphambanweni, wasivukela ekufeni ngenkazimulo kaYise. Ngokwenza kanjalo wasivulela sonke esikholwa nguye umnyango wesivalo sasezulwini owake wavalwa nguNkulunkulu, mhla umuntu wokuqala ezinikela esonweni. Lomnyango uvuliwe nguNkulunkulu uqobo ngegazi leNdodana yakhe, eliyigazi leWundlu likaNkulunkulu elingenasici. Ngalo kuyangena ezulwini kuphela labo abahlanziwe ngaleligazi, amagama abo alotshiwe encwadini yeWundlu ngisho encwadi yokuphila okuphakade.

Ngakho lokhu, bandla labakithi elithandekayo, kakhulu thina esizaziyo ukuthi asisibo abantu abangamaKristu ngegama kuphela, kodwa esiyibo ngamazwi nangezenzo nangenkambo yethu yonke ngokufakaza ukuthi nathi mhla sizohlukana nalelizwe ngokufa, sizofinyelela ekhaya lasezulwini lapho sizohlala khona njalo kuNkulunkulu, sinokuphila okuphakade, lapho singasayikuzwela ukuhlupheka kwalesisikhathi khona, lapho singasayikukukhumbula noma nini khona, singababusisiwe yiNkosi ngaye uJesu Kristu uMsindisi wabantu bonke. Ake sithokozele lesisithembiso esimnandi sonke! Okuthenjisiweyo yiNkosi kuzogcwaliswa ngesikhathi sayo. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba usambulele ubumnandi benkazimulo yakho obungaka. Mawusisize ukuba sihlale siqonde njalo endleleni encane eya khona, sisize nabanye ukuba nabo baholelwe kulendlela eya emzini omuhle lowo waseJerusalema omusha lapho sonke silungiselwe khona indawo enhle nguwe. Nkosi, siyabonga. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 294/229

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1994/2006 ngu-T. Ratshefola

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.